



eduresourceza.com

TEACHERS WITHOUT BORDERS PROGRAMME

BROUGHT TO YOU BY



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

With grateful thanks to our associate partners, The [National Department of Basic Education](#), The [Independent Examinations Board](#), [Siyavula Education](#), [Smarticks](#), [Noteshare](#), [Lemonlicious](#), [datacentrix](#), and most of all, to the schools and teachers from both the public and private education sectors who as founder contributors, have lent content to the [Teachers without Borders programme](#), for the benefit of all South Africa's learners.

In Bill Gates words, at the Mandela Day 'Living Together' address: "Maintaining the quality of this country's higher education system while expanding access to more students will not be easy. But it's critical to South Africa's future" – working together, we can help achieve this."

Contributing schools to date:

Clifton School	Milnerton High	Rustenburg Girls' High	St Peter's
Durban Girls'	Northwood High	St Anne's DC	St Stithians
Fairmont High	Roedean	St John's DSG	Wynberg Boys' High
Herzlia High	Rondebosch Boys'	St Mary's DSG Kloof	Wynberg Secondary

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
IPHEPHA LOKUHLOLWA KWAPHAKATHI NONYAKA
IBANGA 8 2019**

ISIKHATHI : 1H30

AMAMAKI :75

USUKU : 3 KUNHLANGULANA 2019

INDAWO GYM HALL

QAPHELA LOKHU:

1. Leli phepha lineziqephu **EZINTATHU**.
2. Phendula **ZONKE** iziqephu.
3. Phendula yonke imibuzo yakho ngesiZulu.
4. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo esicacile.
5. Ungayixovi (do not mix) imibuzo.

NGINIFISELA INHLANHLA

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Funda le ndatshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

UWhitney wazalwa ngomhlaka 9 kuNcwaba 1963 ezalelwa eNew Jersey e-Melika. Wayezalwa ngu John Russel Houston Jr beno Emily Cissy Houston. Ubaba wakhe uJohn wayengumfundisi. UWhitney waqala ukucula esemncane ecula ekhwayeni yasesontweni lakobo i- Baptist. Ikhono lakhe lavela lapho anikwa ithuba lokuthi acule yedwa eholo ikhwaya bese New Hope Baptist Church lapho babecula iculo elithi, "Guide me oh Thy great Jehova".



Umama wakhe wabe engumculi, wayehamba naye esemncane uma eyocula. Kwakuthi uma eseculile amnike ithuba njengengane yakhe ukujabulisa abantu. Iphimbo lakhe lajabulisa futhi lathandwa izinkampani eziningi zabaqophi (recording companies) bomculo. Lezi zinkampani zazifuna ukumsayinisa khona esemncane, kodwa **unina** wayengafuni. Wayethi kumele aqale afunde aqede isikole kuqala. Kwathi ngonyaka ka-1983 inkampani eyaziwa ngokuthi –Ariste Records yamsayinisa. Ngaphandle kokucula uWhitney wayengumkhangisi wengqephu. Lelithalente lakhe lokukhangisa nalo lagqama esemncane.

Ngaphandle kokucula nokukhangisa ngengqephu waba futhi ngumdlali wamafilimu. Sibala lapha amafilimu anjengo Bodyguard, Preacher's Wife, Exhaling kanye namanye.. Ziningi izingoma aduma ngazo, singabala lezi ezimbalwa: "Where do broken hearts go", "I will always love you", "Greatest love of all", "I wanna dance with somebody" namanye amaningi. Wacula ngokubambisana nabaculi abaningi. Ipholavuthondaba ngoWhitney laba emva kokungena kwakhe ezidakamizweni. Kwathi ngo 1993 washada noBobby Brown. Umshado wakhe noBobby waphela ngo 2007 naye owayethinteka kakhulu kulomkhuba wezidakamizwa. Bangingi abantu abaphoxeka ngokuziphatha kuka Whitney futhi kwehlisa isithunzi sakhe nendlela acula ngayo.

Wabuye wasimama kwezomculo kodwa akubange kusaba lula ngoba phela wabe esengene shi kulomkhuba wezidakamizwa. Ngonyaka ka 2012 ziyi-9 kuFebruwari watholakala eshonile egunjini lakhe lasehhotela, kwathi uma ehlolwa kwatholakala ukuthi igazi lakhe laligcwele izidakamizwa ngokweqile.

Imibuzo

- 1.1 Wazalwa ngamuphi unyaka uWhitney? (1)
- 1.2 Wazalelwa kuyiphi indawo? (1)
- 1.3 Waqala kuphi ukucula? (1)
- 1.4 Lavela kanjani ikhono likaWhitney? (1)
- 1.5 Iyiphi inkampani yabaqophi yokuqala eyasayinisa uWhitney? Yamsayinisa ngamuphi unyaka? (2)
- 1.6 Bhala izinto **ezimbili** uWhitney ayezenza ngaphandle kokucula. (2)
- 1.7 Phendula ngo **YEBO** noma **CHA**
- (a) UWhitney wayezalwa ngumfundisi. (1)
- (b) Umama wakhe wayengumculi. (1)
- (c) UWhitney wayengezwani nokucula nabanye abaculi (1)
- 1.8 Bhala okungenani(at least) izingoma **ezimbili** aduma ngazo uWhitney. (2)
- 1.9Thola igama endabeni elifana nelithi: **unina** (1)
- 1.10 Iyiphi inkinga azifaka kuyona uWhitney? (2)
- 1.11 Wayeshade nobani uWhitney,waphela nini umshado wabo? (2)
- 1.12 Washona nini uWhitney? (1)
- 1.13 Kwaba yini imbangela yokushona (cause of death) kwakhe. (1)

[20]

UMBUZO 2

2.1 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



- 2.1.1 Ngowani lo mcimbi ? (1)
- 2.1.2 Ngobani abamemayo. (1)
- 2.1.3 Bhala usuku ozoba ngalo lomcimbi. Inyanga ibhale ngesiZulu. (1)
- 2.1.4 Ingabe lomcimbi ungesikhathi sasekuseni noma ntamabama. (1)
- 2.1.5 Uthintana nobani uma ufuna ukuza kulomcimbi. (1)

[5]

2.2 Bhala ukuthi isithombe ngasinye simele luphi usuku bese ubhala nenyanga yalolosuku ngesizulu.


Isibonelo: 2.2.1 *Usuku lobaba- 19 kuNhlanguvana*



Isithombe A



Isithombe B



Isithombe C



2.2.4 Isithombe D



2.2.5 Isithombe E

[5]

Amamaki esiqephu A

[30]

ISIQEPHU B

Umbuzo 3

Qhathanisa uHlu A noHlu B. Bhala inombolo nempendulo kuphela

Kanje: 3.6. Isathaya

UHLA A	UHLA B
3.1 Inemigqa eyishumi nane.	A Isathaya
3.2 Imbongi iyakhala ishonelwe umama wayo.	B Ilirikhi
3.3 Ixoxa ngempilo kaNelson Mandela	C Isonethi
3.4 Igxeka ukuziphatha kwabantu abaphuza utshwala.	D I-Ephikhi
3.5 Inesigqi somculo.	E I-Eleji

[5]

Umbuzo 4

Funda inkondlo elandelayo **Unwele Olude** bese uphendula imibuzo elandelayo.

1. Ukube awungibuthanga
2. Ngilahlwe ngabazali bami.
3. Ukube awungimelanga
4. Ngiwusana olunganakuzivikela.
5. Ngabe ngikuphi Gogo wami?
6. Nguwena owangikhulisayo
7. Bengenandaba abangilethayo.
8. Wadla nami kweyempesheni
9. Ungizamela nokokuya esikoleni.
10. Wena Gogo wami.
11. Ngawe ngingene eNyuvesi,
12. Wazixabanisa nomashonisa.
13. Noma sebekusabisa waphikelela

14. *Ucula iculo lempumelelo yami.*

15. *Wena Gogo wami.*

16. *Ngikhomba ngophakathi namuhla,*

17. *Ngibhukuda kwaluhlaza amadlelo*

18. *Ngalomuzi omusha omkhulukazi,*

19. *Okungakaze kuhlale muntu kuwo,*

20. *Ngithi kuwe unwele ulude!*

21. *Ugubha amashumi ayisithupha,*

22. *Happy Birthday Gogo wami.*

Phendula nansi imibuzo:

- 4.1 Khipha **imvumelwano sigalo** etholakala esigabeni sesine (1)
- 4.2 Bhala izinto **ezimbili** umbhali azibonga kugogo wakhe. (2)
- 4.3 Ugogo wayithathaphi imali yokufundisa imbongi eNyuvesi? (1)
- 4.4 Imbongi yamthengelani ugogo ngosuku lwakhe lokuzalwa? (1)
- 4.5 Useneminyaka emingaki ugogo?. (1)
- 4.6 Khipha amagama **aphindiwe** kule nkondlo. (1)
- 4.7 Yini usana? (2)
- 4.8 Kusho ukuthini ukuthi **unwele olude?** (2)
- 4.9 Umbhali walenkondlo uyakhala noma uyabonga? (1)

[12]

Umbuzo 5

Funda inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo

KUNZIMA

1. *Asisakwazi ukukhuleka.*
2. *Sizikhiyela ezindlini.*
3. *Sizikhiyela ezimotweni.*
4. *Kwaze kwanzima!*
5. *Asisakwazi ukuhamba ngokukhululeka.*
6. *Imini nobusuku sekuyefana.*
7. *Sihlushwa ebusuku,*
8. *Sihlushwa emine.*
9. *Kwaze kwanzima!*

10. Kukhona lapho konakele khona.
11. Kukhona lapho kuphambene khona,
12. Inhlonipho kayisekho.
13. Inhlonipho iphelile.
14. Obaba baphelile, omama baphelile.
15. Izinsizwa ziphelile, izintombi ziphelile.
16. Abasele basele nemihuzuko.
17. Kwaze kwanzima!

- 5.1 **Inezigaba** ezingaki lenkondlo? (1)
- 5.2 Bhala ukhiphe umugqa **oyisizura**. (1)
- 5.3 Khipha **ukuxhumana siqalo** kule nkondlo (1)
- 5.4 Khipha **ukuxhumana sigcino** kule nkondlo (1)
- 5.5 Ingabe imigqa yale nkondlo ivulekile noma ivalekile? (1)
- 5.6 Khipha **i-enjambamenti** etholakala enkondlweni. (1)
- 5.7 Bhala usho ukuthi le nkondlo **inemigqa** emingaki ngamagama. (1)

[7]

Amamaki esiqephu B [24]

ISIQEPHU C UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Umbuzo 6

Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo



6.1 Gcwalisa izikhala **ngezivumelwano zenhloko** (subject concord) ezifanele.

6.1.1 Ubaba – thanda ukuhleka. (1)

6.1.2 Izingane ___ jabulile kakhulu. (1)

6.1.3 Abantu ___thanda ukungcebeleka. (1)

6.1.4 Intombazane ___ phethe isikhwama esikhulu. (1)

[4]

6.2 Nikeza **ubuningi** (plural) bamagama abhalwe ngokugqamile (in bold).

Isibonelo: Umfana - abafana

Kuba into enhle uma 6.2.1 **umndeni** uhleli ndawonye 6.2.2 **umuntu** uthola isikhathi sokuhleka adle 6.2.3 **ukudla** okumnandi. 6.2.4 **Umalume** uyathanda ukukhumula izicathulo uma sihleli sidla kanti ujwayele ukufika ephethe 6.2.5 **ikati** lakhe elifake esikhwameni. [5]

6.3 Bhala **ubulili besifazane** balamagama alandelayo

6.3.1 Umalume

6.3.2 Indoda

6.3.3 umfowethu

[3]

UMBUZO 7

7.1 Esikhundleni segama elibhalwe ngokugqamile bhala **isabizwana soqobo** (absolute pronoun).

Isibonelo: **Ingane** iphuza amanzi.

Yona iphuza amanzi.

7.1.1 Ngiyamthanda **uthisha** wesiZulu.

7.1.2 **Abafundi** bathanda ukucula.

7.1.3 Umama uthenge **isitsha** esihle.

7.1.4 **Izingane** zicula kamnandi ekuseni.

7.1.5 **Amandla** ayaphela uma ulambile.

(5)

7.2 Esikhundleni segama elibhalwe ngokugqamile bhala igama **lesiZulu**.

7.2.1 U**Febhuwari** inyanga eshisa kakhulu.

7.2.2 Kumnandi ukuvakashela olwandle **ngeSpring**.

7.2.3 Ubaba uzongithengele iselula yeSamsung nge**Sunday**

7.2.4 Sizogala ukubhala ngo**Monday**

[4]

Amamaki esiqephu C [21]

Liyaphela!!!!!!

eduresourceza.com